



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
KUSIYABAKHUMBULA EMPOFANA MHLAKA 09 DECEMBER 2007**

Ngibanibingelela nonke

- Ukuhlengana kwethu lapha namhlanje kucacisa kahle ukuzibophezela kukahulumeni ukuqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika iba ngengcono kubantu bonke. Siyazi sonke ukuthi ukuze sehlise izingozi zomgwaqo, kudingeka ukuthi yonke imikhakha emiphakathini yethu ibambe iqhaza.
- Sesingene esikhathini samaholidi kaKhisimusi esihambisana nemicimbi eminingi yenjabulo njengoba abantu bakithi nezivakashi basuke behla benyuka esifundazweni sakithi. Kuba yisikhathi futhi lapho kwenyuka nezinga lokungaziphathi kahle kwabashayeli okuyinto edala izingozi eziningi.

- Ngalesi sikhathi, kulindeleke abantu abaningi abazobe behambele emabhishi, ezinkonzweni zamasonto nakweminye imicimbi ehlelelwe lesi sikhathi esifundazweni sonke. Le micimbi yenza abantu babuye baphume endleleni kwande namathuba amaningi ezinhlekelele.
- Yingakho-ke sithi sizoqhubeka nokuqinisa umgomo wethu ka“100 % compliance”, okusho ukuthobela yonke imithetho, okuhlanganisa nezinhlelo ezazisa zifundise umphakathi jikelele ngezindlela zokuziphatha emgwaqeni. Siziqhubeka nokwenza ngcono izimo zemigwaqo ngokwenza lokho okufanele. SIZOQHUBEKA NOKUQINISA UMTHETHO.
- Siyazi sonke ukuthi ijubane, ukushayela uphuzile, ukukhathala, ukusika okungaphephile, ukungahloniphi izimpawu zomgwaqo, ubudedengu, ukuwela umgwaqo kungaphephile, ukungashiya ibanga elanele lokulandelana, ukuphuza uhambe ngezinyawo emgwaqeni, ukunganakekelwa kahle kwemoto nokunye kungezinye zezimbangela zezingozi.
- Yingakho sithe kulesi sikhathi samaholide isiqubulo sethu sithi “Yenza okufanele, Just do Right”. Lesiqubulo sethu sihambisana nenkolelo yethu yokuthi okusempeleni izingozi zibangelwa yiphutha lomuntu futhi zisuke zingagwemeka.

- Ngihlale ngikhathazwa kakhulu yimithetho yethu ebonakala ithambe kakhulu. Ngikhathazwa kakhulu ngukuthi umuntu angaphuza kanjani utshwala bugcwale isisu bese engena emotweni abulale abantu abangenacala kodwa abekwe icala lokubulala ngokungenhloso. Uma ushayela udakiwe e-Australia kuthiwa uyisilima nje awubhadlile ekhanda.
- Into embi ngalezi zingozi ngukuthi zibulala abantu abaneqhaza emnothweni. Abantu abashayela izimoto nabahamba ngezithuthi zomphakathi basuke bengabasebenzi futhi kunabantu abathembele kubona. Enye into ngukuthi umthelela wokufa kwabantu ubonakala kubantu abasuke sebesele ngemuva.
- Ngakho-ke, ngikholwa ngukuthi akekho umuntu onomqondo osebenza kahle ongasisola njengoMnyango uma siqinisa izinhlaka zethu zokugcinwa komthetho ukuze sivikele abantu ababulawa yizingozi ezingagwemeka uma abantu benza okufanele.
- Ngifuna ukuxwayisa abashayeli nabanikazi bezithuthi, ikakhulukazi imboni yamabhasi namatekisi ukuthi baqikelele ukuphepha kwabagibeli babo. Kumele nazi ukuthi ingozi yebhasi noma itekisi elilodwa ingakhipha imiphefumulo eminingi kulimale nabantu abaningi. Ungathi awuxwayiswanga – asinawo nhlobo umusa kulabo abaphula umthetho.

- Wonke amaphoyisa azobe esemsebenzini ngalesi sikhathi ukuze siqinisekise ukuthi siqinisa umthetho ngendlela efanele. Kuzosebenza umgomo wokuthi AKEKHO OTHATHA IKHEFU kusuka mhlaka 1 December 2007 kuze kube umhlaka 14 January 2008.
- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uyaqhubeka nokuletha amaqhinga amasha emizamweni yawo yokwehlisa izingozi zomgwaqo nokunqanda abagijima ngokweqile emgwaqeni. Sesethule uhlelo olusha lokubheka abaphula umgomo wejubane lemoto.
- Sesizokuba namakhamera azokwazi ukubona ijubane lemoto ebangeni elingu-8 km ngaphambili nangemuva kokudlula kwikhamera. Inombolo nesithombe semoto kuzoqoshwa bese kudluliselwa ngobuchwepheshe bekhompyutha ehhovisi lamakhamera elixhumene naleyo ndawo.
- Izinombolo zemoto zizogcinwa futhi ukuze kubhekwe ukuthi ayintshontshiwe yini leyo moto nokuthi ayinawo yini amacala omgwaqo angahlawuliwe.
- Mangiphethe ngokunxusa izinhlangano zamaBandla ukuthi ziqhubeke nokusabalalisa ivangeli lokuphepha emgwaqeni. UJesu watshela abafundi bakhe ukuthi labo abezwa iZwi laKhe, kodwa bahluleke ukwenza njengoba lisho, bafana nendlu engenaso isisekelo egugulekayo uma kufika isiphepho.

- Namanje, kunezinkulungwane zabantu abasebenzisa umgwaqo asebewuzwile umyalezo wokuphepha emgwaqeni, kodwa bayahluleka ukwenza abatshelwa kona, UKWENZA OKUFANELE.
- Qhubekani nisebenze nithandaze ngokuhlanganyela nixuse ukuthi iNingizimu Afrika iphephe, kwehle ubugebengu nezingozi zomgwaqo.

Ngiyabonga